Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

05/2016 Intshumayelo ngomkhosi wokukhumbula ukuzalwa kweNkosi, ngomhla ka 25. 12. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele

Izwi elongamela leliviki lilotshiwe ku-Joh. 1:14a, lithi **"ULIzwi waba-yinyama, wakha phakathi kwethu, Sabona inkazimulo yakhe."**

1. Iculo 47/48

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Mninimandla onke, mawusabela ukuba ukuzalwa kweNkodana yakho ezelwe eyodwa kuzihlenge ebugqileni besono, ngaye uJesu Kristu, iNdodana yakho, iNkosi yethu ebusa nawe noMoya oNgcwele, unguNkulunkulu oyedwa, manje naphakade. Amen.

3 Izwi leTestaente elidala lilotshiwe ku-Mika 5:1-4a;
Iphistola ngohlelo lwesine lilotshiwe ku-1 Joh. 3:1-6;
Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Luka 2:1-20.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulnkulu uYise ...

5. Iculo 46/47

6. Umkhuleko wofundayo intshumayelo: Woza Moya oNgcwele mawusikhanyisele izingqondo zethu, ugcwalise izinhliziyo zethu ngezwi lakho. Malizilungisele indawo ezinhliziyweni zethu. Amen.

7. **Iphistola** ngohlelo lwesibili lilotshiwe kuThithu 3:4-7, lithi: "Kepha lapho sekubonakalisiwe ububele bukaNkulunkulu uMsindisi wethu nothando lwakhe kubantu, wasisindisa kungengamisebenzi yokulunga esayenzayo thina kepha ngokwesihawu sakhe ngesigezo sokuphindukuzalwa nokwenziwa sibe-basha ngoMoya oNgcwele, amthelayo kakhulu phezu kwethu ngaye uJesu Kristu uMsindisi wethu, ukuze silungisiswe (sithethwe kahle yicala) ngomusa wakhe, sibe-yizindlalifa zokuphila okuphakade ngokwethemba." Amen

8. **Intshumayelo:** Bandla elithandekayo kuKristu, izolo kusihlwa ngokukhumbula ubusuku iNdodana yakhe ezelwe kubo, sizwile ukuthi umusa kaNkulunkulu ubonakalisiwe, mhla uJesu ezelwe abe ingane yowesilisa. Umusa kaNkulunkulu waba yinyama, abe ngumuntu, kube ukuba nathi ngesibili sakhe kanye nomusa kaNkulunkulu nensindiso kubo abantu bonke bezizwe zonke.

Ngezwi lentshumayelo yanamuhla siyakhunjuzwa ukuthi ukuba inyama kukaJesu Kristu uLizwi elalinguNklunkulu kwasekuqaleni waba inyama, waba ngumuntu. Konke lokhu kuqondene nensindiso yethu ngomBhapathizo. Umbhapathizo wethu nokuba yinyama kukaJesu kuhlanganisiwe ngokwempela.

UJesu uKristu owazalwa abe ngumuntu, wathatshathwa ngoMoya oNgcwele, nokuzalwa abe ngumuntu wenza ukuba thina sibe ngabantwana bakaNkulunkulu. Kuyagcizelelwa ngokwempela ukuthi kudingekile ukuba sisindiswe nguye uJesu Kristu.

Simelwe ukuphinda ukubona lokhu ngokusha namuhla ukuthi isintu sonke sonakaliswe kangakanani ngokuvela kuAdamu noEfa, ababewela isonweni. Kanjalo imvelo yethu isabanjiwe ngubumpumputhe, nobubi obubi kakhulu. Akuveli ngokwemvelo yethu ukuba umusa kaNkulunkulu nobubele bakhe, nobuhle bakhe asithanda ngabo ukuba samukelwe ngokukholwa, nangokufundiswa, nangokuvuma.

Abaningi ngokuzisho ukuthi bahlakaniphile, baphawula ukuhlupheka okwesabekayo okutholakala emhlabeni, babuza, bathi: Luphi uthando lukaNkulunkulu, nobubele bakhe? Noma eGibithe noma ezindaweni ezinye lapha abantu bebulawa nokuhlushwa khona ngobudlovu obubi? Bafuna ukuzwa impendulo kaNkulunkulu kulemibuzo.

UNkulunkulu unempendulo kukho. Wenzele abantu ubuhle obungaka! Wasilungisela ukuba sibe nokuphila. Inkinga ivela ebantwini kakhulu ngokucabanga ukuthi uNkulunkulu uboshiwe ukubenzela okuhle ngokwentando yabo. Babheka kuNkulunkulu ukuba abathumele umholi abathanda ukumlandela nokwenza akuthandayo. Bafuna umholi wenkolo obakhombisayo abamelwe ukukwenza, nokukwenza ngokwentando yabo. Yikho kuphela abafuna kukristu wabo. Abaqondi ukuthi lokhu abantu abakuthandayo nakho abakwenzyo akwanele.

Inkinga ayitholakali kangaka phakathi kwabantu abangesibo amaKristu, kodwa kakhulu phakathi kwabangamaKristu.UJesu unguMsindisi wethu osihlengile ekufeni okuphakade nasemandleni kaSathane. Kudingekile ukuba sibambelele kukho uPawulu akugcizelelayo okuyisisekelo sokuvuma ivangeli ngokusho ukuthi: “Kepha lapho sekubonakalisiwe ububele bukaNkulunkulu uMsindisi wethu nothando lwakhe kubantu, wasisindisa kungengamisebenzi yokulunga esayenzayo thina kepha ngokwesihawu sakhe,” kungabi phezu kwesisekelo semisebenzi esiyenzayo, noma esiyenzile, noma kuyo esiyakuyenza. Kugcizelelwa kangaka ezwini, nokho kusekhona abesilisa nabesifazane naphakathi kwamakholwa abakhumbula ingane yaseBethlehema, noMsindisi esiphambanweni, nakho konke okufundiswa eKhathekisemini abasazikhohlisa ngokwethemba ukuziphatha kwabo, nezinqumo zabo, noma imikhuleko yabo ukuthi bayazilungisela indawo engcono ngakho okunjalo ezulwini. Yikho esikhohliswa ngakho ngokulandela okwemvelo yethu.

Okunjalo kuyanda nasemakerikeni namuhla. Kuyaphakanyiswa imizamo yoku“thengisa ngokwezinkolo” esikhundleni sokufundisa izwi lomthetho nevangeli ngokwethemba ukuthi lemizamo izolungisa okuhluphayo emabandleni, amakholwa ayadukiswa ukwethemba okulungiswa yiwo esikhundleni sokwethemba usizo oluvela kuMdali noMsindisi wethu. Emakhethe umthengi unamandla njalo. Umthengisi akazami ukuguqula umqondo nentando yomthengi, uyamupha akuthandayo. Ngokuhlakanipha uyabeka okuningi phambi kwakhe ukuba azikhethele akufunayo. Umkhuba onjalo uyatholakala emakerikeni amaningi namuhla. “Abathengi” bagijimela ukuzifunela ikerike elibathokozisayo, elibapha umthandiso obakhangayo ngezinkanuko zabo. Baningi basekela itheoloji elinjalo. Baziphatha njengokucabanga ukuthi

umuntu umi phakathi kokubi noNkulunkulu, umelwe ukuzikhethela lapho ethanda ukuya khona. Kulula ukubuyela kulolutwa lwezinkohliso.

Emavezini alandulela izwi lentshumayelo yanamuhla uPawulu uyalahla izinkohliso ezinjalo, uthi: “Ngokuba nathi kade sasiyiziwula, abangalaleliyo, abadukiswayo, sikhonza izinkanuko nokutamasa okuyizinhlobonhlobo, sihlezi ebubini nangomhawu, sizondekile sizondana,” Thithu 3:3. Ngalawomazwi akukhulunywa ngomuntu onamandla ukuzikhethela akuthandayo. Uyisigqila, usemandleni ogqilazisayo kabi, noma umdukisi omubi omdukisayo. Ngokomuntu ongakholwayo kunjalo. UPawulu uyagcizelela ezindaweni eziningi ukuthi bayizigqila zezinkanuko zabo nezakho okubathokozisayo ngokwentando embi yabo. Bayadukiswa, benzelwe, bengakwazi ukuzisiza ngalutho, beholelwe ngale nangale ngakho okwabadukisa. Mawuqaphele ukuthi uPawulu wavuma ukuthi wayemunye phakathi kwabadukisiweyo esengumfarisi. Kanjaloke okushiwo ngokugqilazwa kufumbethe nezinkanuko zezinhlonhlobo eziqondene nakho okwezinkolo ezingezwani, eziphambene nomusa kaNkulunkulu owambuliwe ngaye uJesu.

Asisindiswa ngomusa ophawulwa ngumqondo wobuntu. Siyasindiswa ngomusa ophawulwayo ngobuKristu,yiwo omelalana kaningi nezimo zempucuko yezizwe. Umusa kaNkulunkulu wambuliwe ngamazwi athi: “...ngokwesihawu sakhe ngesigezo sokuphindukuzalwa nokwenziwa sibe-basha ngoMoya oNgcwele,” ukuphindukuzalwa nokwenziwa sibe-basha embhapathizweni.

Umbhapathizo ngamanzi egameni likaNkulunkulu uYise neNdodana noMoya oNgcwele uyisigezo sokwenziwa sibe basha. Akasiwo amanzi okuphilisayo kuphela, kodwa futhi angamanzi alondoloza ukuphila, ahlanzayo, ahlambululayo kuso isinindo sochoko lwezono, kubo bonke ukufebe nezinkohliso, ukuphinga izinkanuko, kukho intukuthelo yethu, nakubo ubandlululo, nomhaha, nokuhleba, kukho konke okuvela ezinhliziyweni zethu ngokwemvelo yethu. Konke lokhu kuhlanzwa emanzini omusa kaNkulunkulu. Kungokuzalwa okusha ngokwasezulwini, kungabi ukuzalwa okusha yinyama noma eyenthando yenyama, kodwa ukuzalwa okusha nguNkulunkulu noma yintando yakhe. Embhapathizweni uMoya kaNkulunkulu uyaphinda ukwehla nokwenyuka phezu kwamanzi njengasekuqaleni, mhla uNkulunkulu edalile izulu nomhlaba nezidalwa zonke. Embhapathizweni uNkulunkulu uyaphinda ukukhuluma izwi lakhe lokudala elizwi elidalayo. Kwenzeka okusha. Sidalwa sibe yizidalwa ezisha embhapathizweni, sibe ngabazeleyo ngamanzi noMoya ngezwi likaNkulunkulu. “Uma umuntu ekuKristu” - okusho ukuthi uma ebhapathiziwe - “uyisidalwa esisha; okwakuqala kudlulile; bheka, sekuvelé okusha,” 2 Kor. 5:17. Ngakho lokhu kwadwetshwa izithombe mandulo ezifakazele ukudalwa kwezwe ensimini yaseEtene ezindongeni zezindlu zokusonta eduze nendawo lapho kubhapathiziwe khona. Ngakho kwabhapathizwa abantu mandulo ekerikeni lasendulo bengembathanga lutho, nangaphandle kwezinhlobiso. Umbhapathizo kuyipharadisi elibuyisiwe ngokufa nangokuvuka kukaJesu. Okudala kudlulile, kuvelile okusha. Abantu babuyisene futhi noNkulunkulu osezulwini ngobuhle basezulwini obudlula ubumhlophe obungavela ngokuzama komuntu ukwenza into ekhazimulayo. Izingubo zethu esembathiswa ngazo embhapathizweni zikhazimula

nomsebenzi esiwenzelwe ngegazi likaKristu, njengalokhu kulotshiwe kuso isA.7:14 ukuthi: “Laba bayibo. Ababehlanza izingubo zabo, bazenza zaba-mhlophe egazini leWundlu.”

Umbhapathizo ungamanzi ahlanganisiwe nomyalo wezwi likaKristu. UJesu umisile umbhapathizo. Wayala ngalamanzi ukuba abe ngumbhapathizo wakhe, ngokwempela kungabi wekerike, webandla, noma womuntu. Ikerike liyalalela umyalo kaKristu, uma libhapathiza, noma uma lifundisa izwi lakhe. Yiso yisipho sekerike nesikhundla sokuphatha ibandla ukuba kwenziwe. Yiyo indlela abafundi bakaKristu benziwa ngayo. UJesu akasiphanga ukudala abafundi ngendlela enye ngokubhapathiza nokufundisa ukugcina konke ayale abafundi bakhe ngakho.

Lomyalo kaJesu okudala abafundi bakhe ohlanganisiwe namanzi kuyasiqinisa ukwenza umsebenzi wakhe. Kulomsebenzi uJesu uyasiphelekezela, unathi kuwo. Uyawusekela. Uyasithembisa ukuba nathi. Noma sibona isandla somfundisi esithela amanzi, nokho kuyisandla sikaNkulunkulu. Noma sizwa iphimbo lomuntu, kuliphimbo likaNkulunkulu. Umbhapathizo ungumsebenzi kaNkulunkulu, awusiwo owethu. Ngawo siyamukela izabelo zikaNkulunkulu. UNkulunkulu ungosipha izipho zakhe. Uma izwe lifuna ukuwazi kithi ukuthi sibhapathizelani na? Siyabaphendula kuphela sithi: INkosi iyala ukuba kubhapathizwe. Sibhapathizelani izingane? INkosi ifuna ukuba bonke benziwe abafundi bayo ngokubabhapathiza. Sigcizezelelani ngokusho ukuthi umbhapathizo uswelekile ekusindisweni? Sophendula sithi: INkosi isho njalo. INkosi iyala kanjalo. Ungumbhpathizo wayo. Thina siyizisebenzi zayo embhapathizweni. Futhi kulotshiwe ngokukhanya okukhulu ukuthi bonke abantu bayazalwa beyizoni. UJesu uthi: “Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene embusweni kaNkulunkulu.”

Ngokuzalwa kabusha kanjalo embhapathizweni umuntu, noma omdala noma omncane uyahlanganiswa noMsindisi esimzalelwe nguMariya eBethlehema, oyiNkosi emzini kaDavide. Yikho okwenza ukuba sikhulume kangaka ngombhapathizo ngomkhosi wokukhumbula ukuzalwa kukaJesu Kristu.

Ngalomusa kaNkulunkulu siyasindiswa. Ukusindiswa kusho ukuhlengwa ebugqileni besono, bokufa, bukaSathane. Ngokusindiswa siyakhishwa ngombhapathizo etilongweni ukwamukelwa ebuhleni bombuso kaNkulunkulu ekukhanyeni okuhle. Ngombhapathizo siphiwa indawo yokuphefumula kahle, nokusebenza, nokukhuleka, nokudumisa, nokubonga iNkosi yethu, nokukhonza abanye. Ukusindiswa kusho ukuhlengwa ezoneni, ekufeni nasemandleni kaSathane, nokungena embusweni kaKristu, ukuhlala kuye, kuze kube phakade. Mhla abaseGibithe becwiliswa olwandle abakwaIserayeli babekhululwa ebugqileni babo, thina siyakhululwa ngombhapathizo, ukukhululelwa sibe abantwana bakaNkulunkulu, nokuphilela ubukhosi bakhe, nokulunga okuphakade, nenkazimulo ephakade.

Yibo ubuhle, nobubele, nothando uNkulunkulu athanda ukusilungisela, enguMsindisi wethu, nokuthululela uMoya oNgcwele wakhe phezu kwethu embhapathizweni osimiselwe nguKristu esimzalelwe eBehlehema. Uyaqonda ukuthi ugcetshisiwe kangaka na?

Konke lokhu kuqinisile, kuthenjisiwe ngezwi elithembekile. Lelizwi aliveli kumuntu. Ngakho lokhu uPawulu ugcizelela kangaka konke esikuzwile. Ngakho lokhu ngiyakugcizelela kanjalo. Wamukela lesisipho sikaNkulunkulu futhi namuhla kulomkhosi omuhle. Ngeke uqede ukubona konke okufumbethe kulesisipho esiphiwe ngesithembiso sokuthokoza okuqondene nabantu bonke, esimenyezelwe yingelosi ngalé abalusi baseBethlehema. Ukubonga makube kuNkulunkulu uYise, neNdodana, noMoya oNgcwele! Amen.

9. Umkhuleko: Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu, nothando lukaNkulunkulu, nokuhlangana kukaMoya oNgcwele mawube kinina nonke. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu, osezulwini ...

10. Iculo 45/46

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloza izinhlizo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu iNkosi noMsindisi wethu, Amen

Lentshumayelo ilotshiwe ngomnyaka ka-2015 ngu-K. H. Schnackenberg.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwalezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangno ethiwa: Lutheran Heritage Foundation